## Izinhloko Zezindaba.

Inyanga eyi Jalimana (German Doctor) iti into embi ukupuza ikofi kakulu. Ikona futi Inyanga enkulu kunaleyo eti into embi kakulu ukudhla kakulu nokupuza kakulu ngisho kati ku ini.

Emrumeni otile — kutolakele umbede owenziwe nge golide ne siliva, kuhamba kufakwafakwa namatshe anemali eningi. Kutiwa kwaku ngoka Eleanor, u Queen wase England. Seku iminyaka enga 600 uhlezi kona lowo mbede.

Iyisishiyangalolunye imizi emikulu kakulu emhlabeni, kube ilowo muzi unabantu abayi 1,000,000 futi mhlaumbe abaningi kunaloko. Amagama ayo i London, Paris, New York, Tokio, Berlin, Chicago, Philadelphia, ne Pekin.

Ngesikashana esidhlulileyo, indoda egama layo lali ngu Gustav Cauton ya yqitshwa. Emva kwa loko, indhlu yokulahlela yavulwa, kuzakufakwa omunye kuyo. Kwabonakal'ukuba liwile ibokisi elipete u Gustav Cauton. Balivula bafumana ukuti kanti ulele ngobuso pansi. Wafakwa engakafi ji, way'elingile ukupuma, waze wazipendula ebokisini.

Inkosikazi etile isand'ukufa ekade ilele embedeni igula iminyaka engama 64. Yafa isineminyaka engama 80. Izinyanga be kade ziy'elapa; kodwa zonke zafa kuqala kunayo.

Kwadhlalwa i Cricket Match e England ngelinye ilanga, kudhlal'abafana namantombazana. Amantombazana adhlul'abafana.

Izintombi ezitile e Cauton zihlangenile zenza ibandhla zalibiza ngokuti 'Ibandhla la odade abangasoze ba gana.' Kube ileyo ntombi engena kulelo bandhla, iqinise ukuti kayisoze yagana.

Likona i Hotel e San Diego, ubukulu balo buqeda ama acres ayisihlanu omhlaba.

## IZINCWADI.

*Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.*

*(Kumhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE,—Ngicela isikala.

Yebo, bafundi be *Nkanyiso*, namhlanjena asikali ngaluto, sesinesikala esikulu sokuba sikulume konke esitanda ukuba sikukulume. Pela namhla tina sifana nezinkabi ezidonsa inqola; kepa uma izinkabi ekudonseni kwazo zahlukana, inqola iyalimala. Tina ke masidonsele pambili sonke, ukuze ingalimali inqola yetu; ngokuba uma omunye eya le, omunye eya le, akuko into esiyakuyenza, kupela siyakuba isilinganiso ezizweni ezikude neziseduze, kuze kube sezizukulwaneni ezizayo.

Minani, madoda akwiti, nansi into efanele ukuba sikumbuzane ngayo imihla ngemihla. Abantwana abaningi bakwiti basebenzani bonke, loku abazalelwe ekukanyeni? Yini ukuba babe njengabantwana abangena'kwazi? Yebo ngiti futi kuningi okufanele ukuba sikumbuzane ngako, okupakati kwetu; asiyeke ukuloku sikulumisana sodwa. Futi into ekona, umhlabati uyapela manje, sizakuhlalapi, loku singatengi nabatengayo? Impela asiyikuze sezwa, ngokuba sibanga amakozo apakeme, sengati sazalwa abafokazana, ikona siqala ukubona umbuso. Yekani loko, akuko qili lazikota emhlane.

Kodwa niti uma sibuka amaKula nicabangeni ngawo? Minani, bandhla! Kutalelani ukufundisa abantwana benu incwadi nemisebenzi. Kutalelani ukuba nenze ifa eniyakulishiya kubantwana. Kuhle ukuba silalelane into esuke skulunywa ngomunye. Yekani inkani nokuzidhla okungena'msebenzi; ake nilinge ukukuluma ezizakuvumelana. Mina uma bengangizwa, bengifuna ukuba sike sihlangane ngo December, ukuze sizwane bonke ofunda lelipepa labamnyama. Kodwa akungifanele ukuba ngingacela loko kini, bantu bakiti, ngokuba ngiliveza'ndhlebe pakati kwenu, ngiselwe isi coco; ngingajabula uma kuvela indoda yakwini, enge njengami, icele ukuba kesihlangane sizwane. Uma ngiposisa, ngakutyo njalo pela, MaKristu, ningangibeki icala; ningipendule ninglilulamise. Ngiyacela kubo bonke abatata lelipepa ukuba bacabange kakulu ngecebo esingalenza ukuze sizwane. Sipambene njengorala. Ake sifunde encwadini ka Jakobe, esahlukweni sesine. Ngisapela lapo mina

THOMAS ZULU.

Hlatikulu, 12th Aug., 1890.

*(Kumhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE, — Ngitanda ukukuluma amazwana kubantu bakiti. Ngitole isimangaliso lapa (Mahamba) ezweni lobumnyama, kubantu abasahlubule, ngibone nxa kwenziwa umsebenzi wenKosi. Besinenkulu lapa inhlanganiso yomnikelo kwaza kwafika nabantu abanezicoco. Ngingewubalise umsebenzi wonke ngingakutyela into esayitolayo kona. Kwati ekunikeleni kwetu satola intwana engaka £24 : 11 : 0½ kwaba yimvu nenkuku ngapandhle. Into mina bandhla engimangalisile ukuba abazi noba lomsebenzi umuhle kangaka ngabona ke ukuba u Nkulunkulu ukona impela kubantu nakuba base sebumnyameni kusweleke abasebenzi njengokuba ashoyo. Ngiti ke, luhlanga lwakiti, niye ngapi na nina enafundiswayo nazi izimvu zakiti zifa ake nibuke izwe lakwa Zulu akuko noyedwa wakiti, nanti izwe lase Swazini ngihamba pakati kwalo nje akako noyedwa wohlanga lwakiti, ngiti zondelelani uhlanga lwakini njengabamhlope abawela amanzi beza lapa ngenxa yenzondelelo yetu. Ungixolele, Mhleli, noma ngenze kwa kude ngilihlalela.

Yimina isicaka sako

JOEL MSIMANG.

Mahamba, Swaziland,
Aug. 26th, 1890.

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE,—Ngicela ukuba ungivumele kengiponse libe linye ku Mhlotshana ngabantu "abantsundu."

Izwi lokuti sing'abantu "abamnyama" kambe liqiniswe nje kubantu ngala'mazwi alandelayo.

Kutiwa enkosini inxa ikulekelwa "Bayete, wena u mnyama," noma injani noma injani ngobuso, Kepa u Dingane way'e bomvu, noko kwakutiwa "wena u mnyama." Uma wab'etsho noyedwa ati "wena u bomvu," wab'eyakubulawa masinyane kutiwe utuka inkosi.

Kutiwa umuntu obomvu kanaso isitunzi, u lula, kafani nomuntu omnyama. Ngaloko leli lizwi lokuti "umuntu omnyama" lihle kwabakiti. Kodwa izwi lokuti abantu "abantsundu," liveza kahle umbala wetu esiy'iwo, lifanele ukutshiwo, ngoba pela si ntsundu, asi mnyama: ukuti si mnyama ku ng'umkuba nje wokutsho.

Ngi ng'owakini M. MAGWAZA.

P.M.Burg, Sept. 2, 1890.

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE Mlungisi wezindaba zabamnyama,—Ngicela indawo epepeni lako, ngifuna ungifakele amazwana la amangalisayo ngendaba enkulu esaud'ukwenzeka ngo July 30th, 1890.

Ngiti, zihlobo zami, nina enizinikele etywaleni, vulani indhlebe zenu nizwe ngale'ndaba eyenzeke ngotywala.

Kute ngomhla otile, ngoba pela amabele maningi nonyaka, abantu abasadhli 'kudhla sebemelene notywala kupela. Po ke kute ngalolosuku luka July 30, kwafika umbiko ngendoda yalapa kiti, ib'ivuke kusasa ipilile yahamba nabanye bayakupuza utywala; ngokuba pela seku iwona 'msebenzi wabo; baya babutola, bapuza njalo kwaza kwacityo ukutyona ilanga. Kepa ke kute uma sebebuya abasabuyanga bonke, bahlukana, yena wahamba yedwa selityonile ilanga. Kute uma esendhleleni kwomunye umuzi, wahluleka waquleka pansi, wafa kona lapo, kwakupela. Kwati ngokwetuka kuka nina wapanga e Nkantolo e Dundee, ecabanga ukuti utakatiwe ngotywala. Kepa amakosi abiza u Dokotela, weza wafika, loku pela useze watwalwa wayiswa emzini wake, ngokuba ub'ese ngumnumzana, enabafazi abatatu.

Yebo ke kwa njalo, wati uba afike u Dokotela wamdabula esifubeni, njengokutyo kuka nina. Ngiti niyakuzwa kahle, zihlobo zami, nina eniti utywala bung'ukudhla. Ehe, kwaba njalo ke kwati uba amdabule kwapuma utywala endaweni yomuti, kwabonakala ukuba ubulewe utywala.

Po ke abaningi bati bung'ukudhla kwabo, abanako ukwahlukana nabo, kungako ngihlaba umkosi, ngiti yizwani nina eniti utywala bung'ukudhla, kanti buyisita esikulu, buyinyoka elumayo, buluma emzimbeni nasempefumulweni. Ngipela ngelokuti azi ukufa akulusizi kwofa edakiwe engabonanga aze azikulekele enKosini! O! ungangitukuteleli, sihlobo, ngokutata indawo endc, ungitetelele.

Yimi olusizi

PETROS MUYABI LEHODI.

Hlatikulu, Aug. 21st, 1890.

[Siyingenisile le'ncwadi; kodwa asivumelani nomlobi wayo. Utywala bu ng'ukudhla. Abusiso isita esikulu. Abusiyo inyoka elumayo. Bung'ukudhla nje, ukudhla loko esikupiwe ng'uNkulunkulu; ngakoke singatsho ukuti bubi. Uma umuntu epuza kakulu, aze adakwe, ku licala lake akusilo icala lotywala. Akusibo utywala obuyisita, ng'umuntu lowo opuza kakulu—yena uyisita kuye. Uma umuntu ekohlwa ukuti ungumuntu uma ezenza njengesilwane ngokupuza kuze kugcwale, kangakombi utywala, ati buyisita. Qa! uma utywala buyisita, nenyama futi iyisita; ngoba inyama ingasibulala nayo, uma siyidhla sigcwalise izisu zetu ngayo. Siyakuloba futi ngale'ndaba ngesiny'isikati.—*Umhleli.*]

*(Kumhleli we Nkanyiso.)*

MGANE,—Namuhla tina ngizake ngikupumuze ngingakuhlupi ngamazwi amaningi. Baningi kumbo abanjengami abanxusa indawana yokuponsa izinhlamvana.

Ngicela uba uke uvuse abantu bakiti bendhlu emnyama bonke, ubatshele umteto lo osandakupuma oti izinyamazana nezinyoni ezizingelwayo sezingazingelwa ngezinyanga ezintatu nesigamu seyesine kupela. Isikati siqala ngosuku lokuqala luka May sigcine ngosuku lwetshumi nesihlanu luka August. Sifingqekile manje isikati, esezinyamazane kade kuyizinyanga eziyisitupa. Angikuzwa ukuba abantu sebewubikelwe lomteto bawutshelwa. Kuhle bazaziswe izinyamazana ezibaliweyo emtetweni nezinyoni, nesikati abangazingela ngaso. Ezinye izinyamazana nezinyoni zivalelwe ukupela, ngoba umuntu angazibulala ngokuzicela emakosini kupela. Kulezi ke kukona umziki nembabala nenkolongwane. Amakosi awasize abantu bangafi ngokungazi.

LANYAZIMA.

Ezimfabeni, Sept. 1, 1890.

## "Inkanyiso."

Bangumdumo abantu abanomqala wokuba "Inkanyiso" bangayifunda masonto onke. Nati futi, singatanda ukulicindezela masonto onke; kodwa, njengoba iningi lenu liyazi, ukuba umuntu oyedwa angeze awutwala lowo msebenzi ngokwake, kungakoke kungadingeka uma sirolele omunye umcindezeli. Ukuze ke sibe nawo amandhla okuba sirolele omunye umcindezeli, nokwenza uma "Inkanyiso" ipume masonto onke, kudingeka ukuba sibe nabafundi balo abangapezu kwalaba. Kambe lapa e Natal kukona iningi labantu asebekwazi ukufunda; nase Johannesburg, e Barberton, e Swazini, e Pretoria, e Kimberly nakwezinye izindawo nje ke — ngakuti ke abafundi be "Nkanyiso" bacele izihlobo zabo kuzo zonke izindawo ukuba zamukele lelipepa ukuze ke lisizeke ngasekukuleni. Siyatembisa ke ukulikipa masonto onke lelipepa ngonyaka ozayo (1891) *nxa singatola abatatayo abatsha abangama 300.* Nobake siyakuyikipa kane ngenyanga "Inkanyiso" endaweni yokuba ipume kabili siyakuyengezelela ngo 6d nje imali yayo; kungakoke mangxa singazuza abamukeli balo abatsha abangama 300 ngo 1891, solikipa lelipepa masonto onke *imali yalo ibe ngu 7/- nje kupela ngonyaka.*

## Imali ye "NKANYISO."

Lawa amagama abantu a se ba yikokile imali yabo ye *Nkanyiso* (6/6), ya lonyaka 1890. Umhleli u ya ba bonga.

Nicholas Masuku — Stephen Umlaw — Joseph Putaza — Mika Msimang — P. Tulani.

Abanye aba tumele imali yezinyanga ezintatu noma ezisitupa, amagama abo a ya ku balwa lapa se be koke oshelemi abasitupa nosikispenise, (6/6). Si bala amagama alabo kupela abakokele unyaka.

☞ *Lelipepa aliz'ukutunyelwa futi kulabo abangakaliroleli ngalonyaka ka 1890. Nxa betumela imali bangalitola futi.*

## ISAZISO NGE NKANYISO.

"INKANYISO" ipuma ngosuku lokuqala nangosuku lweshumi nane ezinyangeni zonke.

Imali yeNkanyiso imi ngalo luhlobo:—

Ukususela ku January kuye ku Dec.
" February "
" March "
" April "
" May "
" June "
" July "
" August "
" September "
" October "
" November "

Printed and Published at St. Alban's Printing Press, Pietermaritzburg.